

UHLAKA



**UMNYANGO WEZEMVELO NEZOKUVAKASHA
IGATSHA LEZASOLWANDLE NOKUPHATHWA KOGU**

**UMGOMO KA-2005 WOKUNIKA NOKWENGAMELA IZIMVUME
ZOKUDOBELA INZUZO IZINHLANZI NGENDLELA YAMA-BEACH-
SEINE (TREKNET) KANYE NEYAMA-GILLNET (DRIFT-NET, SET-
NET)**

**LOLU HLAKA MGOMO KUMELE LUFUNDWE NOHLAKA LOMGOMO
JIKELELE LOKUNIKEZWA NOKUPHATHWA KWEZIMVUME
ZOKUDOBELA INZUZO ZESIKHATHI ESIDE ZIKA-2005 (lutholaka
kwi-www.mcm-deat.gov.za)**

OKUQUKETHWE

1.	Isingeniso	3
2.	Isayensi yezinto eziphilayo kanye nokuphathelene nenani lokudotshwa kwezinhlanzi	4
3.	Ukubukeka kwemboni yokudoba	4
4.	Ukunikwa kwezimvume zokudoba zesikhathi esimaphakathi	6
5.	Izinhlosongqangi zemboni yokudoba	6
6.	Isikhathi esithathwa yizimvume	7
7.	Abafikayo embonini yokudoba	7
8.	Inqubo yokuhlunga	7
8.1	Inqubo yokungamukeleki kwabathile	7
8.2	Inqubo yokulinganisa ngokuqhathanisa	9
10.	Ukuphatha kanye nokuphathwa ngokuhlanganyelwa	11
11.	Imali yokufaka izicelo zemvume yokudoba	11
12.	Izinqola ezisetshenziselwa ukudoba ezindaweni ezigudle ugu	11
13.	Izimo zezimvume	12

1. Isingeniso

Lo mgomo wokunikezwa nokuphathwa kwezimvume zokudobela inzuzo ngokohlelo lwe-*beach-seine* (treknet) kanye nolwe-*gillnet* (drift-net, set-net) ukhishwe uMnyango weZemvelo neZokuvakasha: Igatsha leZasolwandle nokuphathwa kogu (“uMnyango”) ukuze umphakathi ubeke izimvo zawo ngawo. Lo mgomo kumele ufundwe ngokuhlanganyela nohlakamgomo-jikelele wokunikeza kanye nokwemamela izimvume zokubela inzuzo zesikhathi eside zonyaka ka-2005 (obizwa nge-“*the General Fisheries Policy*”). Kukhona umgomo okhishelwe ukudoba ngohlelo lwe-beach-seine embonini yokudoba yaKwaZulu-Natali.

Njengoba kuchaziwe kumgomo jikelele, uMnyango uyobamba imihlangano yokuxoxisana nomphakathi, kanye nabanezifiso nabathintekayo kule mboni yokudoba ngokuphathelene nohlelo lwe-beach-seine kanye nolwe-gillnet ezindaweni ezigudle ugu. Kule mihlangano yemiphakathi izimvo mayelana nalo mgomo ziyomukelwa. Izimvo ezibhalwe phansi kumele zithunyelwe kuMnyango engakadluli umhla ka-11 ku-Ephreli 2005. izimvo eziyothunyelwa ngemuva kwalesi sikhathi ziyoshaywa indiva. Izimvo kufanele zithunyelwe ngale ndlela:

<u>NgeFax:</u> Quaphela: (021) 670-1782 Qaphela: The Deputy Director-General Fishery (Please specify which fishery) Policy Comments	<u>Nge Mail:</u> Qaphela: Mr Horst Kleinschmidt The Deputy Director-General The Department of Environmental Affairs and Tourism P.O Box 44963 Claremont 7735 Fishery (Please specify which fishery) Policy Comments	<u>Nge E-mail:</u> RVU@deloitte.co.za Quaphela: The Deputy Director-General Fishery (please specify which fishery) Policy Comments
		<u>Nge Hand</u> Quaphela: The Deputy Director-General The Rights Verification Unit 11 Landsdown Road Claremont Fishery (please specify which fishery) Policy Comments

Tinhloso yalo mgomo ukubeka nokusobala uhlelo okuzoqhutshwa ngalo uma kunikwa izimvume zesikhathi eside zokudobela inzuzo ngokohlelo lwe-beach-seine kanye nolwe-gillnet. Iningi lalezi zinhlelo azizintsha. Bezisetshenziswa uMnyango uma unikeza izimvume esikhathini esiphambilini. Lo mgomo uqukethe uhlelo okuzoqhutshwa ngalo, noma kukhona izinguquko ezingatheni kanye nokwengeziwe.

Eminye imigomo yokuphatha ngemuva kokunikwa izimvume yethuliwe. Ibhuku eliphathelene nokuphathwa kohlelo lwe-beach-seine kanye nolwe-gillnet liyoqedelwa ngokuhlanganyela nabanezimvume ngonyaka ka-2006. leli bhuku liyobeka ngokusobala indlelas yokuphatha kanye nenqubo yokudoba.

uNgqongqoshe weZemvelo neZokuvakasha uhlose ukunikezela ngamandla kasomqulu 18 wokunika imvume yokudobela inzuzo ngokohlelo lwe-beach-seine kanye nolwe-gillnet oqukethwe esigabeni 79 soMthetho 18 wezinto eziphila olwandle ka-1998 (the Marine Living Resources Act 18 ka-1998 obizwange-“*the MLRA*” onikezelwe kwisikhulu esiphezulu soMnyango.

2. Isayensi yezinto eziphilayo kanye nokuphathelele nenani lokudotshwa kwezinhlanzi

Imboni yokudoba yohlobo lwebeach-seine kanye ne—gillnet iyona endala kunazo zonke ezimbonini zokudobela inzuzo eNingizimu Afrika, yasungulwa ekuqaleni kweminyaka yo-1700 ukuya kwiminyaka yo-1800. Ngaphandle kobuncane bezikhala zamanethi okudoba kanye nezindawo ezazakhelwe ukungqubuzana phakathi kwabadoba nge-beach-seine nabadoba nge-gillnet kwakungekho kulawuleka kwalemboni kwaze kwafika ekuqaleni kweminyaka yo-1970. Ukusukela ngaleso sikhathi zombili izimboni zivunyelwe kuphela ukubamba izinhlanzi zohlobo lwama-*harders (Liza Richardsoni)* kanye nama-*St Joseph sharks (Callorhynchus capensis)*, bavunyelwe ukubamba ngephutha inani ekungedlulwe kulo lezinhlanzi zohlobo lwe-linefish. Kodwa ke endaweni yase-False Bay abanini zimvume bavumelekile ukuba badobe uhlobo oluthize lwezinhlanzi ze-linefish.

3. Ukubukeka kwemboni yokudoba

Imboni yokudoba ngohlobo lwe-gillnet ivunyelwe ukudoba kuphela masenyakatho ne-Yzerfontein kanti imboni yokudoba ngohlobo lwe-beach-seine yona ivunyelwe eNtshonalanga ye-Gordon's Bay. Ukudoba esizalweni somfula (njenge-Olifants Estuary) kuyopheliswa esikhathini isiyiminyaka emihlanu kuya kweyishumi kusukela manje.

Njenganengxenye yendlela yokuphatha , ugu kanye nohlelo lwe-TAE luhlukaniswe lwaba yizindawo zohlobo lwe-beach-seine kanye nohlelo lwe-gillnet, kuvunyelwe kuphela abadobi abafake izingubo ezifanele nabadoba ngamanethi, abangadobi ezindaweni zogu ezivikelwe. Kumiselwa uhlelolokudoba ngohlobo lwe-beach-seine kanye ne-gillnet, ngaphansi kohlelo lwe-TAE (inani lamanethi angasetshenziswa ezindaweni ezisogwini oluseNtshonalanga noluseNingizimu Mpumalanga), njalo ngonyaka nguNgqongqoshe.

Ngaphambi kokunikezwa kwezimvume zesikhathi esimaphakathi nendawo zonyaka ka-2001, imboni yokudoba yadoba izinhlanzi ezingamathani athi awabe yi-6 000 ngonyaka. Kulelo nani, amathani ayi-1 400 abikwa abalulwa ngokuphoqelekile inani lezinhlazi ezibanjiwe ngenyanga.

Ucwaningo lwangaphezulu kwama-50 ekhulwini lwabanini zimvume, lwadalula ukuthi bangaphansi kweshumi ekhulwini abadobi abazithatha ngokuthi badoba ngokohlobo lwe-beach-seine kanye ne-gillnet. Ngakolunye uhlangothi bayisishiyagalombili ekhulwini abadobi bangempela, abadoba ngamanethi ngokugcwele abathola ngaphezulu kwamashumi amahlanu ekhulwini bamaholo abo kule mboni yokudoba. Ezindaweni ezingi abanikazi zimvume balahlekelwa imali ephakathi kwama-R1 900 kanye nezi-R5 500 ngonyaka, ingabalwa imboni yokudoba ngohlobo lwe-gillnet yase-*Saldhana-Langebaan*, lapho abadobi ababalelwa kumashumi amahlanu ekhulwini babedoba ngamanethi ngokugcwele. Kanti kwimboni yokudoba ngohlobo lwe-beach-seine yase-False Bay bayisilinganiso sama-70 ekhulwini abadobi abadoba ngamanethi ngokugcwele.

Uhlobo lwezinhlanzi okugxilwe kuzona, i-*harder*, njengamanje isidotshwe ngokweqile. Kunokungahambisani phakathi kwenani lezinhlazi ezidotshwayo kanye nalezo ezikhona. Izimakethe zangaphandle zezinhlanzi zohlobo lwe-St Joseph shark zehlile, kodwa izimakethe zakuleli ziyethembisa. Kukhona inani elikhulu lokudobeka kwezinhlanzi okungaxiliwe kuzona kubandakanya kakhulukazi lezo ezidobeka ngokweqile kanye nalezo ezingadotshwa ngokwesiliniselo esilindelekile. ukuphathwa kwemboni yokudoba ngamanethi kungeke kwehlukaniswe nokuphathwa kwemboni yokudoba ngodobo.

Kukhona ukudoba ngokohlelo lwe-gillnet ngokungemthetho okweqile okuqondiswe kwizinhlanzi eziligugu kulo lonke elaseNtshonalanga, eNingizimu kanye neMpumalanga nogu. Ukudotshwa ngokungemthetho kusetshenziswa uhlobo lwe-gillnet ogwini oluseNtshonalanga kuqondiswe kwizinhlanzi zohlobo lwe-*galjoen (Dichistius capensis)* kanye nohlobo lwe-*smooth-hound shark (Mustelus mustelus)* olwandle kanye nohlobo lwama-*harders*, ama-*springer / flathead mullet (Mugil cephalus)* kanye new-*elf (Pomatomus saltatrix)* esizalweni somfula. Ukudotshwa kwezinhlanzi ngokungemthetho kusetshenziswa uhlelo lwe-gillnet kugu oluseNingizimu noluseMpumalanga lwenzeka ikakhulukazi esizalweni semifula lube luqondiswe kulolu hlobo lwezinhlanzi, ama-*dusky kop (Argyrosomus japonicus)*, ama-*spotted grunter (Pomadasy commersonii)* kanye nezinhlobo nhlobo zezinhlanzi zohlobo lwe-*mullet*.

4. Ukunikwa kwezimvume zokudoba zesikhathi esimaphakathi

Ngaphambi kokubuyekezwa kohlelo lwe-TAE kanye nokunikwa kwezimvume ngonyaka ka-2001, le mboni yokudoba yayigcwele kakhulu, yayi nabadobi ngamanethi adonswa imikhumbi ayi-147 (beach-seine) kanye nokudoba ngamanethi abamba izinhlanzi ngezitho zokuphefumula (gillnet) ezingu-293 phakathi kwendawo yase-Port Nolloth ogwini oluseNyakatho kanye nase-Nature's Valley ogwini oluseNingizimu. Kwakukhona ezinye izimvume eziyi-120 kanye neziyi-100 zohlobo lwe-gillnet kubanini zimvume ezizalweni zemifula zase-Olifants nase Berg River ngazinye. Kwadingeka ukuba kube khona imizamo eyenziwayo ukuze kwehliswe inani lokudoba ukuze kukhule inani lezinhlazi ezidotshwayo, nokuthi kube khona izindlela ezihambisana nokugcina lezi zinhlanzi zingashabalali ukwenzela abaphila ngokudoba. Uhlelo lwe-TAE lwamisa ngendlela kwizikhungo eziyi-58 ngendlela ye-beach-seine kanye nezimvume zokudoba ngama-gillnet eziyi-162. Ngonyaka ka 2001 izimvume zokudoba zesikhathi esimaphakathi zanikwa abafaki zicelo abayi-12 abadoba nga-beach-seine kanye neziyisi-55 zokudoba ngama-gillnets. Esinye isibalo sabantu abangama-58 abadoba ngamanethi banikwa izimvume zokudoba.

5. Izinhlosongqangi zemboni yokudoba

Izinhloso zomnyango zokunika izimvume zesikhathi eside zokudoba ngama-beach-seine kanye nama-gillnet kule mboni yilezi:

- Ukukhuphula izinga lezinguquko ekubukekeni kwale mboni;
- Ukunika izimvume kubadobi abanomlando wokusebenzisa ama-beach-seine kanye nama-gillnet ogwini oluseNtshonalanga kanye noluseNingizimu-Mpumalanga;
- Ukuphatha lemboni ukuze kuqinisekise ukuthi izinhlanzi ezidotshwayo ngama-beach-seines kanye nama-gillnets, ezifana nohlobo lwezinhlanzi ezibizwa ngama-*harders* kanye nama-*St Joseph sharks*, ziyakwazi ukwanda esibalweni samanje sokudotshwa kakhulu;
- Ukuxhasa nokugcina imboni yokudoba iphilile ngakokwezimali, kanye
- Ukusiza ukuba umnotho nemboni yokudoba kugcineke kuphilile nemvelo ingashabalali.

6. Isikhathi esithathwa yizimvume

Ngokubheka lezi zinhloso ezingenhla, uMnyango uyonika izimvume zokuvunela inzuzo zeminyaka eyi-10 (kusukela mhla ka-1 kuJanuwari 2006 kuya kumhla ka 31 kuDisemba 2015),lezi zimvume ziyoba ngaphansi kwengcindezi yokuhlaziywa izikhawu ngokuhambisana nohlelo lokusebenza oluhlanganisa nezinguquko ekuvunyelwene ngazo.

7. Abafikayo embonini yokudoba

Noma imboni yokudoba ngama-beach-seine kanye nama-seine-net inabadobi abaningi, bengaphezulu kunamanethi akhona abadobi, uMnyango ungabakhipha abangadobi ngokwezinga okuvunyelwene ngalo ufake abadobi ababengazange bazithole izimvume.

8. Inqubo yokuhlunga

Izicelo zemvume yokudobela inzuzo ziyobukwa ngeso elibukhali ngokuhambiusana “nenqubo yokungamukeleki kwabathile”, bese ziyohlolwa ngokwesilinganiso “senqubo yokuhlunga ngokuqhathanisa”. Kuyobekwa amaphuzuo okuyiwona ayohlonza labo abazicelo zabo ziphumelele.

8.1 Inqubo yokungamukeleki kwabathile

Ngaphandle kwezinqubo ezichazwe kumgomo-jikelele ophathelene nokufakwa kwezicelo kanye nokungabi sesimweni esigculisayo semikhumbi namanethi okudoba, uMnyango ngeke uzamukele izicelo ezihlukeka ukuhlangabezana nalezi zidingo:

- (a) Abavumeleke ukufaka izicelo:** Abantu abafaka izicelo zemvume ngabodwana abayobhekelelwa. Abanini zimvume abake basebenza ngokuhlanganyela (isibonelo abaku hlelo lwe-close corporation izimbumba kanye nezinkampani ezisebenzisanayo) kuyodingeka bafake izicelo ngabanye, kodwa bayothathwa “njengabanini zimvume” kwenzelwa uhlelo lokunika izimvume.

Umndeni omkhulu (sekuhlangene nabashadikazi, abazali kanye nezingane zabo) ngeke banikezwe ngaphezu kwemvume eyodwa ukuze kugwenywe ukuthathwa kwamandla okudoba yiqoqobana labantu abathil. Lokhu kwenzelwa nokuthi babe baningi abantu abakwazi ukungena kule mboni. Abafake izicelo bangadingeka ukuthi badalule ubudlelwane abanabo nabafake izicelo kwezinye izimboni ezidobela inzuzo. Uma engaphezu koyedwa emndenini ngamunye ofake isicelo , zonke izicelo zalowo mndeni zingabekwa eceleni, ngaphandle uma abafaki zicelo bekhombisa ngokungangabazisi ukuthi banezinkampani zabo ezincane zokudobela inzuzo.

- (b) **Abadobi abadoba ngama-beach-seine nama-gillnet ngokwemvelo:** Izimvume zonikezwa kuphela labo abadoba ngamanethi ngokwemvelo. UMnyango uthatha labo abadoba ngamanethi ukuze baziphilise asebekwenze lokho okungenani iminyaka elishumi njengabadobi ngamanethi bemvelo.
- (c) **ukufinyeleleka kwamanethi:** Abafaki zicelo kuyodingeka bakhombise ukuthi bayakwazi ukuthola amanethi akahle nezikebhe zokudoba ezidingekayo ukusebenza kule mboni yokudoba.
- (c) **Ukuhambisana nohlelo:** Abafaki zicelo abaphula kakhulu imithetho yohlelo lwe-MLRA, izicelo zabo ziyobekwa eceleni
- (d) **Isilinganiso samaphepha:** Isilinganiso samaphepha (njengoba sichaziwe kuMgomo-jikelele) siyoshiywa ngaphandle kohlelo. Izinkampani ezinkulu ezifake izicewlo ezifana ncmishi noma ezithi azifane, zibe zixhaswe abanika amacebo noma izinkampani zokudobela inzuzo kanye nezinye izinkampani, ziyobekwa eceleni zithathwe njengalezo ezifaka abantu abathile ukuze zizuze izimvume bebe bengahlomuli ngalokhu. Kuyobekwa kuloyo ofaka isicelo ukuthi alethe ubufakazi obanele bokuthi abafakangwa ukuze kuzuzwe izimvume bebe bengahlomuli ngalokhu.
- (e) **Ukungasetshenziswa kwezimvume:** Abanini zimvume abangazange bazisebenzise izimvume zabo esikhathini esiningi ngesikhathi esimaphakathi nendawo semvume, (kusukela ngonyaka ka-2002 kuya ku-2004) bayoshiywa ngaphandle kwalolu hlelo.

- (f) **Ukubandakanyeka kwezimboni ezahlukene:** Abafaki bezicelo abanezimvume zokudoba kwezinye izimboni zokudobela inzuzo, noma benezifiso noma bengamalungu anamasheya kwezinye izimboni ezidobela inzuzo, bayoshiywa ngaphandle. Abafaki zicelo abazusa okuthile kwizigungu zabanini zimvume zokudobela inzuzo, bayoshiyelwa ngaphandle.
- (g) **Ukuzibandakanya komuntu ngamunye ekudobeni izinhlanzi:** Abafaki zicelo kufanele ukuba babe kade bezibandakanye ngokugcwele nembali yokudoba ngohlobo lwe-beach-seine kanye nolwe-gillnet bebe kade bezibandakanye ngokuyikho ekuqhubeni ibhizinisi..
- (h) **Ukuthembela embonini yokudoba izinhlanzi:** Abafaki zicelo zemvume okumanje abangathembele ekudobeni ngohlobo lwe-beach-seine kanye nolwe-gillnet ngesilinganiso sama-75 ekhulwini somholo wabo wonyaka, bayoshiywa eceleni. Abasethubeni lokuba bangaba abaqalayo kuyodingekaukuba bakhombise ukuthi impilo yabo yonke ibincike ekudobeni izinhlanzi ngokohlobo lwe-beach-seine ne-gillnet ukuze baziphilise. Abafaki zicelo abathola indlela yokwenza imali ngaphandle kwembali yokudoba (ngaphandle kwabadla imali yomhlalaphansi kanye nabathola imali efika ngonyaka) bayoshiywa ngaphandle.
- (i) **Abahlala ezindaweni eziseduze nalapho bedoba khona:** Abafaki zicelo abangahlali eduze kwalapho befaka izicelo zemvume yokudoba khona, bayoshiywa ngaphandle. Abafaka izizicelo kuyodingeka ukuthi bakhombise ukuthi sebehlele eduze kwalapho bedoba khona okungenani iminyaka emine. Izimvume zokudobea inzuzo kusetshenziswa uhlobo lwe-beach-seine kanye ne-gillnet ziyonikwa labo abahlala eduze kwalezo zindawo abadoba kuzona. Abazicelo zabo ziphumelele bayovunyelwa ukuba badobe kuphela ezindaweni lezo izimvume zabo ezibakhomba kuzona.

8.2 Inqubo yokulinganisa ngokuqhathanisa

Abafaka izicelo zezimvume kanye nalabo abasethubeni lokuba abasha abaqalayo kule mboni bayohlungwa ngaphansi kwenqubo yokulinganisa elandelayo ngokubhekelela isisindo sesicelo ngasinye:

- (a) **Uguquko:** Ukuze kwenziwe ngcono ukubukeka kwale mboni yokudoba ngohlobo lwe-beach-seine kanye ne-gillnet kunezinguquko okumele zenzeke. Abafaka izicelo abamnyama (kuhlanganiswa abaNnyama, amaKhaladi kanye namaNdiya) bayothola engeziwe.
- (b) **Imisebenzi:** Abafaki zicelo zemvume abangakhombisa ukuthi baqashe abadobi okwesikhashana noma ngokugcwele ngokwesikhathi esimaphakathi nendawo, bayohlomula.
- (c) **Umlando wokuzibandakanya:** UMnyango uyobhekelela ukuthi abafaki zicelo zezimvume banesikhathi esingakanani bethembele ekudobeni izinhlanzi ngohlobo lwe-beach-seine kanye ne-gillnet ukuze baziphilise.
- (d) **Ukudoba kahle kwenkampani:** Abafaka izicelo zemvume bayovivinywa ngokubhekela indlela abadobe ngayo ngesikhathi semvume emaphakathi nendawo (kusukela ngonyaka ka-2002 kuya ku-2004).

Abafaki zicelo zemvume abaqalayo bona bayovivinywa ngokubhekela amakhono kanye nolwazi lokudoba kusetshenziswa amanethi.
- (e) **Ukuhambisana nomgomo:** Abafaki zicelo abaphule ngokungatheni imithetho kanye nezimo zezimvume ngokohlelo lwe-MLRA, bayothola amaphuzu angemahle. Abafaki zicelo abahlulekayo ukuhambisana nezibopho zale mithetho; i-*Skills Development Act 97 ka-1998*, i-*Skills Development Levies Act 9 ka-1999*, i-*Occupational Health and Safety Act ka-1993*, kanye ne-*Compensation for Occupational Injuries and Diseases Act ka-1993*, bangathola amaphuzu angemahle lapho kusebenza khona lemithetho.

9. Uhlu lwabangase bathole izimvume

Ngaphambi kokuba uMnyango wenze isinqumo esingumunqamulajuqu sokuthi ngobani abazonikwa izimvume zokuzibandakanya embonini yokudoba yohlobo lwe-beach-seine kanye nolwe-gillnet, uyonikezela ngohlu lwesikhashana labafaki zicelo abaphumelele. Lolu hlu

Iwesikhashana luyozungeziswa kuzo zonke izindawo zokudoba. Abanezifiso nabathintekayo kulezi zindawo bangathinta uMnyango uma kukhona abantu abanomlando wokubandakanyeka kule mboni yokudoba ashiywe ngaphandle kwalolu hlu lwesikhashana.

10. Ukuphatha kanye nokuphathwa ngokuhlanganyelwa

Imboni yokudoba ngohlobo lwe-beach-seine ne-gillnet luyophathwa ngokuhlanganyelwa nohlelo lokuphilisana kwezitshalo kanye nezilwane eziphila olwandle “ecosystem approach to fisheries (“EAF”)). Lolu hlelo lubhekele zonke izinhlangoni lubuye futhi luhlanganise imigomo eyasiza ukuthi ukudoba kanye nezinye izinhlobo zemisebenzi eyenziwa ngaphandle kolwandle kunomthelela ngokubanzi kulokho okwenzeka olwandle.

Isu elisha elaziwa ngokuthi yi-“ Operational Management Plan” lemboni yokudoba lizoqala ukusetshenziswa eminyakeni emibili kuya kwemithathu ezayo. Kuyinhloso yoMnyango ukuthi ukhuphule izinga lokuphatha ngokuhlanganyela imboni yokudoba ngokuphoqelela uhlelo lwe-TURF (Territorial User Rights Fishery) .

11. Imali yokufaka izicelo zemvume yokudoba

Imali yokufaka izicelo kule mboni yokudoba ngeke idlule ema-R500. Okwamanje uMnyango uyavivinya ngemali echithelwa ukunika izimvume zokudoba kule mboni. UMnyango uyonika abanini zimvume kanye nalabo abathintekayo uma usuthathe isinqumo ngemali yokufaka izicelo ezokhokhwa.

12. Izingqola ezisetshenziselwa ukudoba ezindaweni ezigudle ugu

Iningi lalabo abadoba ngohlobo lwe-beach-seine bafaka izicelo zemvume yokusebenzisa izingqola zokudoba ezindaweni ezigudle ugu ngenxa kokunqatshellwa kwezingqola zokudoba ezingagunyaziwe emabhishi ngonyaka ka-2002. Ngonyaka ka-2004, UNgqongqoshe weZemvelo neZokuvakasha walungisa umthetho olawula ukusetshenziswa kwezingqola zokudoba ezindaweni ezigudle ugu. (bheka- www.mcm-deat.gov.za ukuze uthole ukuqala ukusebenza kanye nemithetho yalo mgomo).

Abadoba ngokohlelo lwe-beach-seine mabafake izicelo zabo baziqondise ku-Deputy Director-General of Marine and Coastal Management ukuze bathole imvume yokusebenzisa izinqola zokudoba ezindaweni ezigudle ugu uma lezo zinqola zidingekela ukudoba.

Amafomu okufaka izicelo zokusebenzisa izinqola zokudoba ezindaweni ezigudle ugu ayatholakala kanye namafomu okucela izimvume zokudobela inzuzo embonini yokudoba ngokohlelo lwe-beach-seine ne-gillnet. Amafomu ezicelo ayatholakala futhi nakwi-www.mcm-deat.gov.za.

13. Izimo zezimvume

Izimo zezimvume kule mboni yokudoba zizokhishwa minyaka yonke. Izimo zezimvume eziphathelene nalo nyaka ka-2005 zitholakala **njengesiXhumelelo A (Annexure A)**. Lezi zimo zingashintshwa ngonyaka ngemuva kokuxoxisana nabanini zimvume kule mboni. Abanini zimvume nabafisa ukuphawula ngezimo zalezi zimvume bavumelekile.